⁹⁹ Khangela ibandla lenyama lisiba leVangeli litshunyayezwa kibo. UBilly Graham wesimanje futhi labo phansi lapho betshumayela iVangeli, “Phuma phakathi kwakho!” Kodwa beza na? Hatshi. Abalutshwana sibili, sibili, sibili.

¹⁰⁰ Khangela iqembu likaAbrahama, ababiziweyo. Manje nanzelela. Futhi Wamnika lesisibonakaliso, futhi waMkholwa. Futhi Wanyamalala phambi kwakhe, futhi wasuka wahamba. O, ukuthi kwakuhlezi kuyikwehlukaniswa kanjani, ababiziweyo!

¹⁰¹ Manje, leyi imimoya emibili. Ukuliphangisela, ukuphangisa manje ukuyafika endaweni yami lapho engifuna ukuthi libone khona. Lawa amaqembu amabili ahlanganyelene ndawonye, konke kusehla ezikhathini, kusukela ekuqaliseni kwesikhathi, ibandla ngokwenyama, iBandla ngokukamoya. Badlula kuThestamenti eliDala, badlula kuThestamenti eliTsha, futhi basasekhona lamuhla.

¹⁰² Manje, okungaba yiminyaka ezinkulungwane ezimbili ezedluleyo, kweza esiphethweni, futhi kwaya emadodeni amabili: omunye wabo, uJesu Khristu; omunye, uJudasi Iskariyothi. Manje, uJesu wahlanganyela ukuBuya, ukuBuya Kwakhe kwesibili, ukuthi limimoya emibili izakuba ngehlukeneyo kakhulu kulalokho eyayiyiyo ngemuva-le. Manje nanku lapha engifuna ukuthi ligqoke izambatho zenu—zenu zeNkazimulo. Limimoya emibili izakuba yahlukileyo. Ngoba, uSathane wabuya futhi waphila emuntwini owayelilunga lebandla, uJudasi Iskariyothi, waphila ebandleni lenyama, futhi wayengumngane ebandleni sonke isikhathi. Kodwa wangena futhi—futhi wakhohlisa, kumbe wacabanga ukuthi wayekhohlisa umfowakhe. Wangena futhi wafanisela ukuba ngomunye wabo; wanambitha izinto ezinhle zikaNkulunkulu, wahamba khona eMoyeni, kukhangeleka kanjalo, waphuma phandle futhi watshumayela iVangeli, futhi waxotsha odeveli. Kodwa phansi phakathi kwakhe, isikhathi sonke, wayenguJudasi, kwasekuqaleni. IBhayibhili lathi, “Wazalwa eyindodana yokulahlwa.”

¹⁰³ Manje khumbula, kulebandla ngokwenyama emuva lapho, uEsawu, abaFarisi labaSadusi.

¹⁰⁴ Kodwa khangela lundoda ocabanga sibusakhe nje i... Uzahamba ngalapho loMbiko okwesikhatshana, kodwa akafuni nje ukubeka izandla zakhe kakhulu Kiwo. Bona

leyomimoya? UJesu wathi, “Izakuba seduze kangako entweni uqobo, izakukhohlisa bona abaKhethiweyo,” Abakhethiweyo, nxa ungakunanzelela, “nxa kwakusenzeka.” Kodwa akwenzeki. Bona, kuzakhohlisa.

¹⁰⁵ Manje khangelana, hatshi nje ibandla lenyama, lelo phandle lapho, ibandla lenjwayelo elivamileyo elenyama, iqembu likaEsawu.

¹⁰⁶ Manje sileqembu likaJuda, eliyingozi kabi okwedlulisileyo, liyingozi kabi ngokwedlulisileyo, lingena khona ezandleni uqobo lezibusiso. NjengakumaHebheru 6 lo10, ukuthi watsho kanjani, “Bake benziwa abahlanganyeli futhi banambithe amandla elizwe elizayo, futhi benza zonke lezizinto; nxa... futhi-ke nxa bemukele ulwazi lweQiniso, futhi-ke nxa bezakuhlama ngokuthanda.” “ngokuthanda,” kuyini lokho na? “Bebala iGazi lesivumelwano, abangcweliswa ngalo, into engangwele.”

¹⁰⁷ Mangilinike umzekeliso. Nanku lapha. Nansi indoda, ungumfo olungileyo, umfana omuhle. Uyabizwa, uyezwa enhliziyweni yakhe ufuna ukuba ngumtshumayeli. Kulungile, uyemukela uJesu njengoMsindisi oqondene laye. Ungumfana omuhle, akulamuntu ongatsho ulutho emelana laye. Emva kwesikhathshana, indaba yokungcweliswa. Indoda iyakhanuka lapho ikhangelana abafazi. Yena... Kukuye. Bona? Futhi-ke, into elandelayo, mhlawumbe wayebhema, futhi ufuna ukubhema. Mhlawumbe ufuna ukugembula. Mhlawumbe ufuna ukwenza into embi. Uyakwazi akufanelanga akwenze lokho, ngakho uthi, “O Nkulunkulu, beka iGazi likaJesu kimi, futhi ungingcwelise.”

¹⁰⁸ Futhi uyangcweliswa. Angamemeza, adumise iNkosi, enze ezinye izinto, futhi, aphume phandle futhi yenze into. Khumbulani, uJesu wathi lolohlobo luzakuba khona lapho ngalolosuku. “Abanengi bazakuza futhi bathi, ‘Nkosi, angizange ngiprofithe, ngatshumayela? Angizange ngikhuphe odeveli, eBizweni Lakho?’” UJesu wathi, “Angizange ngibe kwazi, wena menzi wobubi.” Bona, nampo-ke.

¹⁰⁹ Manje khangelani lokhu manje. Siza ukuba sisokwenza okwesigidi sokwekhulu lonwele, kusehla phansi osikweni olubukhali lweVangeli, “Libukhali kulenkemba esika nxa zombili, lisika kuze kube sekwahlukaniseni kwethambo, futhi linguMdaluli!” Haleluya! Nkulunkulu, kuvumele kungene. “UMdaluli wemicabango yengqondo.” Yilo iVangeli, Amandla kaNkulunkulu. ILizwi likaNkulunkulu libonakalisiwe liVangeli.

Wena uthi, “IBhayibhili lathi. Lelo—lelo yiLizwi likaNkulunkulu.”

¹¹⁰ Awu, iLizwi libonakalisiwe liVangeli. IVangeli leza kithi kungeyisikho ngeLizwi kuphela, kodwa ngamandla lokutshengisela kukaMoya oNgcwele, ukubonakalisa aMandla, ukwenza iVangeli liphile.

¹¹¹ Lapho ngisiya eIndia, ubhishopi omkhulu we—webandla leMethodisti waphuma, wathi, “Mnu. Branham, kasifuni ukwazi loba yini mayelana ngommishinari. Sazi okunengi ngeBhayibhili ukwedlula lina lonke elingabakwazi.” Wathi, “Sasilibandla, futhi sahlala lapha iminyaka ezinkulungwane ezimbili lingakabi yisizwe.” Kunjalo. Kodwa wathi, “Siyezwa ukuthi uNkulunkulu ulivakatshele futhi ulethe isipho esingenza iBhayibhili leli liphile.” Wathi, “Yikho lokho esikuthakazelelayo.” O, minabo! Bona, leyondoda yayiyindodana, hatshi umzukulu, njengokutsho kukaDavid. Bona? “Sifuna ukubakwazi. Kuliqiniso na?”

¹¹² Ngathi, “Ngempela, kuliqiniso. ‘UJesu Khristu ofanayo izolo, lamuhla, lanininini.’”

¹¹³ Manje, mnanzeleleni, ibandla lenyama lihlukuluza iBandla likamoya. Manje, siyafumana khona-ke ukuthi uJudasi elingisela ukuba ngumzalwane, umzalwane, futhi-ke wafika esiphethweni futhi ekucineni kweza kunomphele.

¹¹⁴ Manje khangela lumtshumayeli osasemutsha. Uza endaweni, uthi, “Nkosi, bengikhangela abafazi. Akufanelanga ngikwenze lokho. Bengi, uyazi, ingathi ngenza izinto zomhlaba. Akufanelanga ngikwenze lokho. Bengisebenzisa imali yami emincintiswaneni yamabhiza. Angi—angifanelanga ngikwenze lokho. Be—bengisiya ubusuku bonke emabhayisikopo. Angifanelanga ngikwenze lokho. Ngiyakholisa imifanekiso engcolileyo lezinto ezinjalo, ngilamapikitsha ananyathelisiweyo ekamelweni lami. Akufanelanga ngikwenze lokho. Lezo yizinto zomhlaba. Ngingcwelise, Nkosi!”

¹¹⁵ Futhi iNkosi yathi, “Kulungile, Ngizakwenza lokho.” Ubeka iGazi likaJesu Khristu futhi limngcwelise.

¹¹⁶ Khona-ke, lapho esenza lokho, ngobunye ubusuku uyedlula ngalapho futhi uyezwa enye into. Uyahamba futhi alalele. Uzwa ngobhaphathizo lukaMoya oNgcwele, ukugcwaliswa kukaMoya. Khona-ke uyakhangela kikhlo, “O, minabo, akumangalisi lokho na! Kodwa, tshono, lokho kuzawona inkonzo yami nxa ngingatshumayela lokho. Lokho kungenza umama angixotshe ekhaya. Bangangikhupha phandle ebandleni lami nxa ngingangena kulokho. O, kungcono ngikutshiye lokho. Kodwa mangikukhangele. Yebo, lelo liQiniso, iBhayibhili.”

¹¹⁷ Awu, njengomtshumayeli othile odumileyo, oyaziwa umhlaba wonke, watholakala kungesikude (ngumuntu owaye kanye lami ePuerto Rico) emadolweni akhe, ekhuluma ngendimi, eLondon, England; umuntu olamandla, omunye wabavangeli abakhulu emhlabeni lamuhla. Futhi lindoda, umfowakhe elami lapha, indoda egcwaliswe nguMoya, igijimela kuye futhi wathi, “O, mfowethu, yikho lokho!”

¹¹⁸ Wathi, “Ngiyakwazi. Ngiyakwazi. Kodwa, khangela, mangikutshele enye into.”

119 Wathi, “Kutshumayele manje. Kutshumayele. Leli lihola. Ngemfunzelelo yakho, unganyikinya umhlaba.”

120 Wathi, “Hatshi, angeke ngikutshumayele. Bona, i—ibandla lingangilandula. Ngangingeke ngitshumayele lokho. Ngangingeke ngikwenze.” O, mfowethu!

121 “Sengi rec-...abake bangcweliswa futhi bafika ekwamukeleni ulwazi lweQiniso, bakhangela Kukho, bakubona ukuthi Kuqondile; futhi bafulathele, ubona ukuthi bazibethelela iNdodana kaNkulunkulu, futhi baMbeka ihlazo obala, belamahloni ngeVangeli.”

122 UPhawuli wathi, “Angila mahloni ngeVangeli likaJesu Khristu, ngoba LingaMandla kaNkulunkulu ekusindisweni.” KungaMandla kaNkulunkulu esebenza phakathi kweBandla Lakhe.

123 Kodwa bathi, “Angingeke ngikwenze lokho.” Lindoda yathi, “Bangangicabanga ukuthi ngingumphentekhostali. Bangangenza...” Wathi, “Udumo lwami—lwami luzawonakala.” O, mfowethu!

124 Angila dumo. Ngicabanga ngoLwakhe. Udumo Lwakhe, yilo Lolo.

125 Kodwa bona ukuthi bangasondela eduzane Lakho kanganani, liyazi, “Futhi ababale iGazi lesivumelwano angcweliswa ngalo, into eyamngcwelisayo futhi yamkhupha emhlabeni, futhi uzame ukumbeka phezulu Lapha. Futhi-ke akhangele phezu Kwakho, futhi abe lolwazi Lwakho. Ukusuka Kukho, akusela njalo umhlatshelel wesono,” latsho iBhayibhili, “kodwa ukukhangelela okwesabekayo kokwahlulelwa lolaka lomlilo, luza, oluzaqeda isitha. ‘Ngoba ukuphindisela ngokwami,’ kutsho iNkosi. Lowo oweyisa umthetho kaMose, wafa kungela sihawu, ngaphansi kwabafakazi ababili kumbe abathathu. Okunengi kanganani ukujeziswa, lokujeziswa okulesihlungu, lanxa kufanele, umtshumayeli onyathele phansi iGazi likaJesu Khristu ngaphansi kwenyawo zakhe, emva kokwamukela ulwazi lweQiniso, njalo waKubala into engekho ngcwele.” Whew!

126 Bona lapho esikhona? UJesu wathi, “Nanzelela.” Bona ukuthi uJudasi wayenjani? Wayekanye labo. Waye nguEsawu, wenziwa wabamkhulu okwalesi isikhathi. Wayengumkhohlisi, umlingiseli, enziwe wabamkhulu okwalesi isikhathi. Nangu esiza khona phezulu ku, njalo, umfowabo kaJesu, umzalwane wokufanisela. Kodwa enhliziyweni yakhe, waye lebandla elidala lenyama sonke isikhathi, ngoba yikho lapho athengisela khona uJesu. Wathengisela uJesu, ubuzibulo bakhe, njengalokho okwenza uEsawu ngomsobho wemibhida lenyama. Wathengisa ubuzibulo bakhe ngendibilitshi zesiliva ezingamatshumi amathathu.

¹²⁷ Abanengi indoda lomfazi se bathengisa ubuzibulo babo ngokodumo, into encinyane yomhlaba ongasoze uyingqobe; okuncinyane, abafazi, bezihlobisa ngependa lokugela inwele, begqoka izigqoko ezimfitshane; amadoda, okwensomo ezincinyane ezingcolileyo lokubhema igwayi, into yomhlaba. “Nxa uthanda umhlaba kumbe izinto zomhlaba, uthando lukaNkulunkulu kalukho kuwe,” latsho iBhayibhili.

¹²⁸ Angifuni ukuba ngilizwise ubuhlungu, kodwa siphezulu ekucineni. Sesisiza phezulu manje, sesisiza phezulu ngelele ngokuphangisa manje.

¹²⁹ Bona ukuthi kunjani? Bayakwenza. Bamiselwe ngaphambili. Bengalingisela futhi bahlabuse lokuthobeka, beseduzane nje, njengamaKhristu, beseduze kangako okokuthi bengakhohlisa abaKhethiweyo; kodwa ngezithelo zabo lizakubazi.

¹³⁰ Umfazi egqoke okabhudula, kakaze akhangeleke njengomKhristu, kimi. IBhayibhili lathi, “Kuyisono lento elihlazo ukuba umfazi agele inwele zakhe.” Umfazi oyedwa kuphela eBhayibhilini owapenda ubuso bakhe, kwakunguJezebhelini.

¹³¹ Pho-ke madoda, lina madoda elifanele ukuba ngamadoda esiKhristu, futhi livumele abafazi benu besenza lokho? Lapho, uNkulunkulu ezakulibeka umlandu ngakho! Hatshi indoda! Owenyama! “O, ngizahamba phandle futhi ngijoyine ibandla leli.” [Indawo engelalutho ethephini—Mhl.] “. . .ucabanga ngakho.” Yikho kanye lokho uMbhala owakutshoyo ukuthi bazakwenza, futhi yikho kanye lokho abakwenzileyo. Futhi yikho lokho abazakwenza, ukuyekethisa!

¹³² Omunye wathi, “Billy, nxa ungamisi lokho, uzabalekisa wonke umuntu.”

¹³³ KuleNto eyodwa engasoze ihambe, uMoya oNgcwele, ngoba yiLizwi Lakhe. Futhi ikholwa leqiniso elimiselwe ngaphambili alisoze lihambe, ngoba yiKudla emphefumulweni wakhe. UyaKuthanda. Akulanto engamvimbela Kukho. Uzakwenza loba yini, njengoJakhobe, kodwa ufuna loba buzibulo. Uzakuma lapho. Kangilandaba loba kuthatha wonke umngane alaye, loba kungathatha umsebenzi wakhe, loba kungathatha ubulunga bakhe bebandla, loba kungathatha yonke into. Uzakubambelela kukho, ngoba angeke akwenqabele. Kulento kuye, emhambisayo, okujulileyo kubizela okujulileyo. O, nanko-ke, enye into kuye!

¹³⁴ Khangela, lobayini ofuna ukuyifumana eBhayibhilini, futhi uyithathe phezulu lapha, buyela emuva kuGenesisi futhi ubone lapho okwacacadwa khona, bona lapho okwabuya khona. Yonke imimoya futhi lengquba lamuhla kubuyela kuGenesisi. Yikho lokho esikwenzileyo, ukufakaza kini izinto lezi elizibonayo, bangane. Lingakukhohlwa lokho. Ungakuvumeli kweqe phezu kwekhanda lakho. Kuvumele kuthophele kuwe. Yizo izinto

zikaNkulunkulu. weza esiphethweni; futhi uJesu wabikezela ukuthi kuzakuza esiphethweni njalo ensukwini zokucina, futhi kuzakuba ngalokhu: uPhawu lukaNkulunkulu, lophawu lwesilo; amandla amabili kamoya esebenza ndawonye.

¹³⁵ Manje, loba ngubani uyakwazi ukuthi uPhawu lukaNkulunkulu yibuzibulo, ubhaphathizo lukaMoya oNgcwele. AbaseEfesu 4:30, ithi, “Lingamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, elabekwa uphawu ngaye kuze kube lusuku lokuhlangwa kwenu.” Lapho sebezalwe kutsha, bagcwaliswa nguMoya oNgcwele. UMoya oNgcwele yikuZalwa okutsha, siyakwazi lokho. Wena u—wena uzalwe ngoMoya, ngizakuvuma lokho. Kodwa uze uzalwe!

¹³⁶ Kulosane luzelwe esiswini sikamama walo, lulohlobo olulodwa lwempilo. Leyo yimpilo futhi okuncinyane kwayo... izicucucu zezakhi ezincinyane emzimbeni walo ziyabhincika lokukhahlela lokweqa njenga *lokho*. Kodwa lapho kuzalwa, kule... [UMfowethu Branham uqakeza izandla zakhe—Mhl.] kanjalo, futhi-ke ahlabe umkhosi, uba ngumphefumulo ophilayo.

¹³⁷ Futhi ingane ingahamba ebandleni futhi ithi, “O, ngiyakholwa ibandla. Ngi—ngizahamba, ngizakwenza *lokhu*. Futhi ngilungile... ngifuna ukwenza okulungileyo, ngifuna ukwenza okulungileyo.” Kodwa lokho ekufunayo yikutshaywa kweVangeli ukuyivusa, ukuhlaba umkhosi eMpilweni ePhakade; futhi uMoya oNgcwele uyaklabalala phakathi kwayo, njengalokho engakaze ikuklabalale ngaphambili. Khona-ke yisidalwa esitsha, isizelwe ngokoMoya. Khona-ke iyaqala ukukhula, ukunyakaza, futhi ibelobuntu bayo kuNkulunkulu; bona, njengengane nje, ingane yemvelo, ilobuntu bayo emhlabeni.

¹³⁸ Khona-ke nxa lelithabhanekeli lasemhlabeni lidilizwa, silelinye elilindeleyo, bona. Ngeqiniso nje lapho umzimba wemvelo wawusiza, kulomzimba kamoya ukuwamukela lapho isiwa kunina. Futhi lapho isiwa kunina, umhlaba, okuyikuthi, isesibelethweni sayo manje, ibubula, ikhala, (O Nkulunkulu!), ibubula, ithweya gadalala, iluphala, lemikhuhlane, layonke into eyihlukuluzayo, futhi umoya ngaphakathi kwayo ukhangelele ilizwe ngaphetsheya komfula. Iyabubula, izibhinca, iseqa, (yebo, mnumzana) ngoba kulempilo phakathi lapho ephila nininini. Isemzimbeni okumele ufe. Futhi kwesinye isikhathi, njengomama ewisa ingane yemvelo, futhi umzimba kamoya wayithola; umhlaba uzakuwa, futhi umzimba wemvelo uzakuwa, futhi umzimba wemvelo... kumbe umzimba kamoya uzawubamba khona ngalena. Nxa lelithabhanekeli lasemhlabeni lidilizwa, silelinye elilindeleyo. Yiso isizatho ukhohlwa izinto zomhlaba. Zifile, kuwe. Nanko uMoya.

Manje kukhangele lapho siqhubeka manje, imimoya emibili.

¹³⁹ UMoya oNgcwele yikuZalwa okutsha, siyakwazi lokho. Yikuzalwa kutsha, ngoMoya kaNkulunkulu. Yiyo indlela ozelwe ngayo, ngoMoya. Ngokuzalwa nguMoya, lokho yikuZalwa okutsha. Kulungile. Uzelwe ngoMoya; khona-ke lapho usuzelwe nguMoya, usugcwaliswe nguMoya oNgcwele. Kulungile.

¹⁴⁰ Khona-ke lapho lokhu okubili kusemhlabeni, okwemvelo lokukamoya, kwezinye izikhathi i...Ngibone lokhu. Manje ekuvaleni, ngifuna ukuza ekuvaleni manje, ngokukhuluma lokhu okwemizuzu emilutshwane. Emvelweni kumbe kokukamoya, loba kuphi...Manje ngithemba ukuthi wonke umuntu uyakubamba lokhu. Manje wobani ngabathuleyo nje futhi lihloniphe ngokwenelisa konke.

¹⁴¹ Manje, selake lakubona lokhu? Liyabona emabandleni ethu lamuhla, loba emaqenjini lapho esizehlukanisileyo sibisethu futhi senza izinhlangotho; futhi sabona konke lokhu. Futhi wabona umuntu ethatha uMbhala othile, futhi, mfowethu, umuntu engathatha lowo Mbhalo futhi awenze uphile kakutsha, awenze uphile khona kanye lokho okwakuthembisayo lapha eBhayibhili. Futhi indoda elandelayo izambona ekwenza, futhi uzabuya ngalapho futhi azame ukukwenza, futhi ehluleke. Ngithemba liyakubala manje. Uzakwehluleka. Ngani? UMBhalo kawuphefumulelwanga kuye. Uzama ukulingisela kuphela. Uzama ukwenza njenganye into. Wayengasuye...Awu, mhlawumbe wathunywa ngumuntu. Mhlawumbe omunye umuntu wathi, "Awu, ungenza into efanayo." Bona, njengoJesu wathi kuzakuba ngalindlela. IBhayibhili liyakubikezela ensukwini zokucina, "Njengo Janesi loJambresi bamelana loMose."

¹⁴² Lapho kwema uMose, futhi lapho kwema uJambresi. Futhi uMose waphosela phansi intonga yakhe, futhi yaba yinyoka. "Ngani," uFaro wathi, "woza lapha, Jambresi, ungenza into efanayo." Futhi wakwenza, bona. Kodwa kuyini okwenzakalayo? Khona-ke intonga kaMose yadla intonga yakhe. Bona, yabonakaliswa. Yayingaphi intonga yakhe?

¹⁴³ Njengokubona okungaphezu kwengqondo. Kufana lokukhonza imimoya yabangasekho. Kunjengamanye alawa amabandla abakholwa okwenyama, khona kude. Izinto zika... Bathi, "Ngani, lokho kwakungokolunye usuku." Kanyekanye baphandle. Kodwa khangelani lumoya ezinsukwini zokucina usiya ukulingisela uMoya weqiniso. Bona? Yikho lapho uhlupho lwakho oluza khona. Ngokufana xathu lalokho okuqotho, bona; kodwa wayengeke akwenze kubonakaliswe, wayengeke akwenze kubambeke, wayengeke akwenze kuhlale. O Nkulunkulu!

¹⁴⁴ Abantu bayabuya futhi bathi, "Lami, ngiloMoya oNgcwele." Khangela indlela abaphila ngayo; akuhlali kwenye imvuselelo kusiya kweyinye, komunye umhlangano kusiya komunye. Kuyabonakaliswa, kabalaKho. Nxa umuntu ezelwe ngoMoya

kaNkulunkulu, kumbe umfazi, balezithelo zikaMoya. Bahamba ngobunkulunkulu. Baphila leyompilo. Bona? Bahlala khatshana lezinto zomhlaba. UNkulunkulu uyangena phakathi kwabo futhi azibonakalise Sibisakhe sobala, futhi afakaze ukuthi UnguNkulunkulu esebenza phakathi lapho. Omunye yikulingisela. Bona?

¹⁴⁵ Ukulingisela, yikho obekuyikho indlela yonke kusehla, belingisela. Khangela uIshmayeli, loIsaka; futhi bonke kusehla, bona, belingisela. Khangela umprofethi uMose, futhi khangela umprofethi uBhalamu. Bona? Bona ukuthi behla njani phansi! Khangela uJudasi, futhi khangela kuJesu.

¹⁴⁶ Futhi uJesu uyabikezela ukuthi luMoya oNgcwele, ngensuku zokucina, uzakuba luPhawu lukaNkulunkulu. Manje, luzakuba yini uphawu lwesilo? Luzakuba yikuphika uPhawu lukaNkulunkulu. Ngoba, bonke abangazange babe loPhawu lukaNkulunkulu babelophawu lwesilo. Futhi nxa kuzimpawu ezimbili zikamoya, olunye lwazo luzakuba luphawu lweqiniso lukaNkulunkulu, olunye luzakuba yikuhlubuka. Liyakubona na?

¹⁴⁷ Khangela uphawu kuThestamente eliDala. Lapho icilongo likhaliswa, ijubili, yonke iminyaka eminengi kangako, i—izigqili zakhululeka ngoba uphondo lwakhala. Awu, wonke umuntu owayefuna ukukhululeka, wayengahamba. Kodwa abanye babo, babethanda ukuba yizigqili, ngakho babahambisa ku-altare futhi ensikeni yebandla, futhi babhoboza indlebe yabo ngosungulo. Futhi babekwa uphawu kuze kube nininini, babezahlala bekhonza leyonkosi.

¹⁴⁸ Futhi lamuhla uzakuzwa umbiko weVangeli ngeQiniso, “Manje ungakhululeka nxa ufuna,” uNkulunkulu ukhuluma kuwe. Kodwa nxa ufika kulowomngecele lapha futhi ukhangele nganeno, futhi ubelolwazi lweQiniso, futhi ubusufulathela, uyakubhobozwa endlebeni futhi uzahlala ulikholwa lengqondo. Uzakuba ngowenkolo futhi uhambe ebandleni, kodwa ungeke wamukele uMoya oNgcwele. Bona, khona-ke ubusukhonza lokho insuku zakho zonke. Manje, uphawu lwesilo, kumbe uPhawu lukaNkulunkulu. Futhi sesisondele kangako eduzane.

¹⁴⁹ Manje, khangela, iLizwi kumele liphefumulelwe: ukuLizwa, ukuLiqaphela, lokuLenza. Abantu abanengi bayezwa, kodwa kabaLiqapheli.

UNkulunkulu uzakuthi, “Leli liholo lakho.”

¹⁵⁰ “Ngingeke ngibe ngumgqiqiki ongcwele. A—angifuni lutho lwaLokho.” Bona, abaliquapheli.

¹⁵¹ Sizahamba emihlanganweni, uMoya oNgcwele omkhulu uzakwehla phansi. Ngangihlezi lapho ngolunye usuku, lapho umbono usiza futhi wabikezela nje khona kanye lokho. Ngathi, “Nanku kusiza indoda encinyane.” “Woza lapha,” ngaqweba lowo weta, “ulohlupho lwenhliziyo futhi udinga...”

“Yebo. Yikho kanye sibili.”

152 “Bona lowomfazi esiza lapho?” “Woza lapha. Ulethumba ebeleni, futhi kusebeleni lokhohlo, futhi usesimweni esibi sibili. Futhi uyisoni futhi unga . . .”

“Khona kanye.”

153 Lawomadoda ehlezi lapho, akhangela ngalapho, abatshumayeli labo bonke, bathi, “uh-huh!” Uhambe emhlanganweni, ukhangele uMoya oNgcwele udlula phakathi komhlangano futhi ukhulume imfihlo zenhliziyi, izinto ezinjalo. Uthi, “Kuyamangalisa. Ngiyathemba. Yebo.” Bona? O, mfowethu! Bona? Ku—ku—kukolunye uhlangothi, kulento eyenzakeleyo. Abafazi bazaqhubeka besiya, besenza into efanayo. Amadoda bazakubuyela emuva, njengengulube emadakeni ayo lenja emahlanzweni ayo, ngokufanayo nje. Alikuboni na? Manje ngikhuluma ku en- . . . i . . .

154 Bona, kumele unanzelele lapho, mngane, yisimo bani okuso. Yiso isizatho lithephu, ngithe, “Ebandleni kuphela.” Bona? “Ibandla kuphela.” Nxa wabizwa kusuka ekukhanyeni . . . kusuka ebunyamani usiya ekuKhanyeni, kusuka ekufeni usiya ekuPhileni; usuka koyikho ngebizo nje, ulwazi ngengqondo ngoKhristu, usiya esehlakalweni sokuzalwa ngokutsha; futhi ukhangele impilo yakho, ukuthi ibeka izinto zomhlaba eceleni, futhi umela uKhristu, kungenani; khona-ke enye into yenzakele. Bona? Kulenye into kuwe, elambeleyo lokunyakaza, njengalokho okwakunguJakhobe. Bona, ulwisana leNkosi, uhamba ngokwahlukileyo emva kwalokho. Enye into yahlukile kuwe, uguqukile.

155 Manje, sokwenzile, kungakenziwa, kumele kuphefumulelwe kuwe. Angilandaba, ngingama lapha futhi ngitshumayele ngize ngithole . . . zinwele ziphi engilazo zize ziphume, amahlombe ami aze akhothame futhi ngibeleminyaka engamatshumi ayisificamunwemunye ubudala, futhi ulalele nsuku zonke; ngaphandle uNkulunkulu aphilise lokho kuwe, ulokhu usesimweni esifanayo.

156 Insuku ezimbili bengitaditsha lokukhuleka phezu kwalokhu. Bona? Ngathi, “Nkosi, ngingakukhuluma lokho ebandleni na?”

157 Enye into yathi, “Kukhulume. Iholo seliseduze. Kukhulume.” Ngiyezwa ukuthi Uzakuba engisusa masinyane, ngakho ngi—ngifuna libekwazi.

158 “Akulamuntu ongeza Kimi,” watsho uJesus, “ngaphandle uBaba Wami amdonse kuqala. O, ngiyakwazi uthi uloNkulunkulu loAbrahama, unguyihlo; kodwa ngiyalitshela lokhu, lingaba . . . uyihlo wenu udeveli,” watsho uJesus. Amadoda enkolo, abapristi, lamadoda amakhulu, “Lingabakadeveli, ubaba wenu.” Bona? Nanzelela, izithelo zikaMoya.

159 Manje, bona, kumele kuphiliswe kuwe.

160 Angingeke ngicabange uNowa esithi, “Liyazi ukuthini? Kungaba nje ukuthi izulu lingana ngolunye usuku, ngakho ngizaphuma futhi ngizakhele umkhumbi. Nxa lingana, awu, ngizangena emkhunjini futhi ngizihambe. Futhi akula lutho oluzakungikhathaza, ngoba ngizangena emkhunjini futhi ngizihambe.” Ungakucabanga? Hatshi. Hatshi. Lokho kwakungayisikho. Nxa lokho kwakuyikho... O, abaKhethiweyo mabakuzwe manje. Nxa lokho kwakuyikho, ohleka usulu wokuqala esiza, njengoba iBhayibhili lakutsho ukuthi babekhona, bamhleka usulu, wayengabe wabeka isando sakhe phansi futhi wasuka wahamba.

161 Njengalokho abantu abakwenzayo lamuhla, labo abaqala loJesu; futhi lapho bekhangelala futhi babone iQiniso, bayaLifulathela. Abangeke baLimele.

162 Njengalowo mvangeli owazakalayo wathi, “Kuza—kuzadiliza inkonzo yami.” Kangilandaba lenkonzo uMoya oNgcwele angayidiliza. Kumele idilizwe. Manje, kodwa, bona, yikuziqhenya, kungumuntu kangako, kungumuntu kangako. O, nanzelela kulokhu manje.

163 UNowa wayephandle ensimini, futhi wezwa, futhi waqaphela, futhi wenza. Kungelandaba lokuthi bangaki abahlekusulu ababuyayo, waqubeka esakha.

“Nowa, ungumgiqiki ongewe.”

164 “Akungihluphi lakancinyane.” Elokhu esakha! Wayezwile. Wayeqaphele ukuba nguNkulunkulu, wakwahlulela ngeMibhalo, futhi kwakunjalo. Wakha khona njalo emkhunjini, kungenani.

165 Ungacabanga, ungakucabanga lokhu, ukuthi uMose, endleleni yakhe esiya eGibhithe, waphuma ngolunye usuku futhi wathi kuZiphora, umkakhe, “Ziphora, uyazi ukuthini? Ngilongwe ukukhuluma lokubhala ulimi lwami. Ngilokuncinyane kwezibalo zami kuqondisiwe konke, lokunye kwe-geometry kwami futhi, o, ezinye zonke izinto, lemfundo yami. Selokhu ngiselusa izimvu ngemuva lapha, ngi—ngi—ngilolongile kokunye kwalokho. Ngenza iphutha phansi eGibhithe. Ngicabanga ngizakwehla phansi futhi ngikuqondise. Ngicabanga ngizakwehla phansi?” Hatshi, igagasi lokuqala limelana laye, wayezakuba ewile khona lapho.

166 Kuyini akwenzayo na? Wakhohlwa konke ayekwazi nge-geometry, langenhlananipho yakhe yonke. Kwakuyikho okwamngenisela enkathazweni.

167 Yikho lokho okungenise ibandla enkathazweni lamuhla, ngabatshumayeli abanengi abafundileyo bengazalwanga ngoMoya. Amadoda labafazi abathanda ukulalela inkulumo zenhlakanipho, kulokutshumayela amandla lokuvuka kukaJesu Khristu. Yikho lokho okusingenise enkathazweni lamuhla. Asisadingi izikolo eziphakemeyo njalo futhi lemfundo

yabatshumayeli. Sifuna amadoda abizwe nguNkulunkulu amadoda agcwaliswe nguMoya oNgcwele, futhi hatshi isayensi yezenkolo eyenziwe ngumuntu wenhlanganiso yesonto. Sifuna amadoda abizwe nguNkulunkulu.

¹⁶⁸ UMose wayeselusa izimvu, wahlala phansi futhi wakhohlwa. Wazi ukuthi inhlakanipho yakhe yayisiyehlulekile. Wazi ukuthi imfundo yakhe yamehlulekisa. Wayeselusa izimvu, kodwa wezwa, o, “Khulula izicathulo zakho, Mose, umhlabathi ome kuwo ungcwele.” Wakulalela. Kwakuyini? IPhimbo iNgilosi eyayilikhulumile laliseMbhalweni. Wayethembisile uAbrahama, ubaba wakhe, “Ngizavakatshela abantu emva kokuba sebephansi lapha okweminyaka engamakhulu amane, futhi ngizakubakhupha ngengalo elamandla.” Waqaphela ukuthi lowo kwakunguMbhalo kaNkulunkulu ubonakaliswa.

¹⁶⁹ mangime okomzuzu. Makuthi lokhu kutshone phakathi. Liyabona yini lokho engikhuluma ngakho lamuhla? ILizwi likaNkulunkulu liyabonakaliswa khona phambi kwenu, futhi alikunanzeleli. Cabanga manje ngeSodoma leGomora; cabanga ngesithembiso sikaKhristu okwensuku zokucina.

¹⁷⁰ UMose wakuqaphela; kwakunguMbhalo, kwakuyisithembiso. Wezwa, waqaphela. Enye into yabuya kuye, mfowethu, wayengahamba ayekwenza khona-ke. Wakwenza. Wayengehla phansi futhi amise wonke uFaro. Wayengabiza izifo lapho efuna ukukwenza. Wayengavula uLwandle oluBomvu, ngoba wayezwile, wayeqaphele, wayesenza endaweni kaNkulunkulu.

“Ngizakuba nguNkulunkulu kuwe, wena woba ngumprofethi Kimi,” Watsho.

Futhi wathi, “Angeke ngikwenze.”

¹⁷¹ Wathi, “Awu, khona-ke, wena woba ngunkulunkulu, futhi uyeke uAroni abe ngumprofethi wakho. Kumele uhambe, kungenani.”

¹⁷² Kazange athi nje, “Awu, mhlawumbe kumele ngehle futhi ngiqondise izinto.”

¹⁷³ Ungacabanga uElija eNtabeni iKhameli, athi, “Uyazi, ilizwe leli ligwele isono, mhlawumbe, mhlawumbe kumele ngiphume futhi ngitshela uAhabhu kumele abe lamahloni ngaye. Mhlawumbe kumele ngiye phezulu entabeni lapho futhi ngihlale phansi, futhi ngizile nje isikhathi eside kangaka, kuze kuthi labo bantu bagule kangaka futhi badinwe ngokungibona phezulu-le ngisifa ngendlala”? Hatshi. Hatshi. Lokho kwakungayisikho.

¹⁷⁴ Kodwa wezwa, futhi waqaphela, futhi wenza. “Ngilayele amawabayi ukuthi akondle. Yenyukela phezulu lapho, ngaseKerithi.”

¹⁷⁵ Lapho kusiza isikhathi sokuqedelana phakathi kukaBhali loNkulunkulu, wathi, “Hambani, liyethatha imihlatshelo yenu,

lenze loba yini kuyo eliyifunayo, futhi libizele kunkulunkulu wenu.” Lapho beziquma sibisabo, futhi baba lenyama enengi, futhi beseqa phezulu laphansi, babalomsindo omnengi, wathi, “Memezani kakhulu mbijana, mhlawumbe usehambile, esenza okunye kwenye indawo. Angabe elele.” O, mfowethu!

¹⁷⁶ “Awu, uyazi ukuthini?” Wathi, “Ngilikhholwa kuJehova, ngakho ngingenza lokhu, kungenani.” O, hatshi, ungakulingiseli lokho. Hatshi. Ungazami ukuba nguElija uNkulunkulu aze akubize ukuba nguye. Yebo, mnumzana. “Ngiyinceku kaJehova.” Kulamakhulu ayisikhombisa abo phansi lapho, futhi, kodwa akula ngitsho loyedwa wabo owalingayo ukukwenza.

¹⁷⁷ Khona-ke lapho esequma inkabi futhi wathela amanzi, wathi, “Nkosi, ngenze lokhu ngokulaya Kwakho.” Bona i... Loba ngubani omunye wayengabe wazama, kwakuzakuba liphutha eligcweleyo.

¹⁷⁸ Kumele kuphefumulelwe kuwe! UMoya oNgcwele kumele akulethe futhi akwenze kubonakale kuwe.

¹⁷⁹ Yikho lokho okuluhlupho lamuhla. Awungeke uphakame, ku-altare, futhi uthi, “Awu, Haleluya, Haleluya. Nkosi, ngifuna uMoya oNgcwele. Haleluya, Haleluya.” Hatshi.

¹⁸⁰ Kodwa, mfowethu, dade, lapho uMoya oNgcwele esephefumulele leloLizwi kuwe, uzawuthola ungakatshiyi isihlalo sakho. Enye into kuwe iyavutha. Umtshumayeli akadingi ukukutshela ukuthi yenza *lokhu* futhi wenze *lokho*. Amahlamvu amadala azakhithika nje, futhi amahlamvu amatsha ayabuya. Kuphefumulelwe kuwe. Awuyi kuzondela umtshumayeli lapho etshumayela iQiniso eBhayibhilini. UzaLithanda, uLifinyelele. YiKudla emphefumulweni wakho.

¹⁸¹ Ngitsho loJesu, Sibisakhe, Wathi, “Angenzi lokho eNgifuna ukukwenza, ngaphakathi Kwami. INdodana angeke yenze lutho kodwa lokho Akubona uBaba ekwenza.” AMazwi... WayenguEmanuweli, Sibisakhe. WayenguNkulunkulu emhlabeni; UJesu wayenguye. Wayeyinyama leyo uNkulunkulu ahlala kiyo. Wayelithente uNkulunkulu ayehlala ngaphansi kwalo. Amen. Kodwa kukho konke lokho, iNdodana kaNkulunkulu ezelwe yintombi, uEmanuweli ekugwaleni koMoya, WayeloMoya ongelasilinganiso. Futhi, kukanti, enyameni Yakhe uQobo, Wathi, “Kangenzi lutho kuze kuthi uBaba Angitshengise kuqala.” Kwaphfumulelwa Kuye, ukukwenza!

¹⁸² USathane wathi, “Phendula amatshe lawa abe yisinkwa, futhi wenze isimanga. Mangikubone Ukwenza.”

¹⁸³ Wathi, “Kulotshiwe, ‘Umuntu kayi kuphila ngesinkwa kuphela.’” O, minabo! Kodwa lapho ixuku lilambile, Wathatha amabhisikiti amahlanu lenhlanzi ezimbili ezincinyane, futhi wadlisa inkulungwane ezinhlanu. O, Haleluya! Liyabona lokho engikutshoyo?

184 Ungazami ukulingisela. Yilo uhlupho ngePhentekhosti lamuhla. Yilo uhlupho ngebandla lamuhla, kulabanengi abazama ukulingisela ukuthi baloMoya oNgewe. Kulabanengi abazama ukulingisela ukusiliswa kwaPhezulu. Kulabanengi abazama ukulingisela izinto ezitshiyeneyo zeNkosi. Awungeke ukwenze lokho. Ukuthi izinto zibuya ngokukhetha, uNkulunkulu ebiza, uwela phansi uphuma esiswini sikamama ulalokho. “Izipho lokubizwa akula kuphenduka.” O, minabo! Lokho kuliqiniso. Awungeke uzenze into ongayisiyo.

185 Kodwa nxa uNkulunkulu ekubiza, woba ngumuntu olokubonga kakhulu emhlabeni ngoba Ukubizile. Khona-ke kubaqotho kuwe.

186 Njengoba bengizakhuluma, nxa bengilesikhathi, phezu kwabosinti ngolunye usuku, kwaphosa kwangijikisa. Ngangingakaze ngikubone ngaphambili, futhi ngangingeke ngikwenze. UHattie, ehlezi emuva lapho ekhangele kimi. Lokho kwakungenzakala kanjani? Kwakungeke kukwenze, kodwa kwakuphefumulelwe, kwaphiliswa. ILizwi lakhulunywa futhi lenziwa laba njalo. Halleluya!

187 UPhawuli, ungamcabanga esithi, “Bengiphakathi kulolulwandle okwensuku ezilitshumi lane lobusuku, futhi kungelankanyezi kumbe inyanga, kumbe ilanga kumbe ulutho. Ngithemba ngizakwenyuka nje futhi ngibatshela, ‘Wobani lesibindi, ngoba uNkulunkulu uzasinakekela, kungenani?’” O, uNkulunkulu kasebenzi njengalokho. UNkulunkulu kakwenzi lokho.

188 Ukhohlo lwakho lulungile, mfowethu. Ukhohlo lwakho luyamangalisa. Kodwa kuze kuthi into iphefumulelwe kuwe!

189 O, nansi irobhothi ebomvu ilenge lapho, futhi nxa ngibona... Ngithi, “Awu, ngilonyawo lwami phezu kwe-akisaretha. Ngilemota. Ngingadlula kuleyo robhothi ngaleyana, ngisenza amamayila alikhulu lamatshumi amabili ngehola.” Kuliqiniso lokho. “Ngingezwa amandla phansi konyawo lwami.” Kodwa kungcono ulinde kuze kubekhona eka “hamba” isayini. Halleluya!

190 Liyakuthola lokho engikutshoyo? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] Lapho isayini ka *hamba* isisiza, kulungile. Lapho into iphefumulelwa kuwe, futhi uNkulunkulu ukwenza kwaziwe njengalokho Akwenzayo emuva-le, kulungile. Kodwa aze Akwenze, sileqembu labalingiseli bakaJudasi, behamba ngalapho njengokuthi, besithi “Awu, ngiyafana nje njengabo. NgingumKhristu, lami.”

191 O, alikhumbuli na? Amadodana kaSceva, aphuma futhi athi, “Siyakulaya, siyakulaya eBizweni likaJesu lowo uPhawuli amtshumayelayo. Phuma!”

Wathi, “UPhawuli ngiyamazi, loJesu ngiyamazi, kodwa lingobani?”

¹⁹² Ihola liyeza lapho okuhle lokubi kubonakaliswa. Kuyatshengisa kumaKhristu lamuhla. Kuyatshengisa emabandleni lamuhla. Kuyatshengisa ebantwini lamuhla. Ngilibambe okwesikhathi eside; ngifuna lokhu kungene kini.

¹⁹³ UPhawuli kazange athi, “Ngiyakholwa ngizakwenyuka nje futhi ngithi, ‘Awu, wobani lesibindi.’” Hatshi.

¹⁹⁴ Kuyini akwenzayo? Wezwa iNgilosi. Wakwazi ukuthi kwakuyiNgilosi efanayo eyayihlezi ikhuluma laye. Waqaphela, khona-ke wenza. Wenyuka futhi wathi, “Wobani lesibindi. Ngoba iNgilosi yeNkosi, Leyo engiyinceku yayo, yema eceleni kwami ubusuku obeduleyo, ingitshengisa umbono ukuthi akusoze kube lolutho oluzalahleka, kulumkhumbi. Yimani isibindi. Hambani liyokudla ukudla kwenu manje. Yonke into ilungile.” Ameni. Lapho iphefumulelwe kuwe, lapho uNkulunkulu ekwenza kuqonde!

¹⁹⁵ Ngilamazwi lapha kanye indawo, engiwabhale phansi. Nanku lapha. Uh-huh. Sisekucineni kwezinto zonke. Mangilethe nje lokhu phakathi njenga lokhu manje, ekuvaleni. Ngithemba ukuthi uNkulunkulu wembulile enye into kini. Khangela. Yonke into isekucineni. Omunye wabuza ngobunye ubusuku, ngiyakholwa kwakunguMfowethu Fred Sothmann, sasibuza ngokuthi siseduzane okunganani isikhathi sokucina.

¹⁹⁶ UMfowethu Demos Shakarian wayebone lowo mbono ubonakalisiwe, futhi kwagwaliseka insuku ezinhlanu sezedlule, kokupheleleyo, kwangathi nje kuyamkhumulela phandle kwezicathulo zakhe. Wangifonela. Wathi, “UJoseph unjani?”

Ngathi, “Uphilile.”

Wathi, “Uyabona imibono yini?”

¹⁹⁷ Ngathi, “Yebo. Wangitshela ngoDavid, indodana kaMfowethu Wood, lapho ayewe khona ngomdududu, insuku ezintathu kumbe ezine kungakenzakali, khona kanye nje.”

Wathi, “Uyazi, lezo zinto ziyalandela izimuli.”

¹⁹⁸ Ngathi, “Ukulunga kumbe ububi, buyakwenza, loba kuphi kwakho. Kulandela izimuli.”

¹⁹⁹ Futhi sasikhuluma kancinyane, futhi bona, uFred wathi kimi, “Ngabe lokhu kuthathwa ngaphi, Mfowethu Branham?”

²⁰⁰ Ngathi, “Khangela, Fred, kasikuthathe ngemvelo. UNkulunkulu usebenza emvelweni Yakhe. Khangela, khangela lokho okwenzakalayo. Ilanga laphuma eMpumalanga. Leyo yimpucuko endala esilayo, yiChina.” Siyakwazi sonke lokho.

²⁰¹ Impucuko endala esilayo yiChina. Kulungile. Futhi impucuko ihambe isiya entshonalanga isikhathi sonke. Futhi manje ungayangaphi nxa ungatshiya uKhumbi lweNtshonalanga, uhamba udabula phakathi? Uya eChina. Khona kanye. Sisekucineni. IBhayibhili lathi, umprofethi

wathi, “Kuzakuba losuku lapho okungasoze kube yibusuku loba imini, lapho ilanga lisedlula, kodwa ngesikhathi santambama,” ngaphambi kokuba kucine nje ngalapha, “njalo kuzakuba yikuKhanya, ngokufanayo.” UJesu wathi, “Kuzakuba lezulu lakuqala lezulu lokucina. Futhi izulu lokucina lizakuletha kokubili izulu lokuqala lelokucina, esikhathini esifanayo.” Sisesikhathini sokucina.

²⁰² Khangela lapha, mangilitshengise. Ipolitiki isekucineni. Liyakukholwa lokho? Ngitshengisa enye into lamuhla. . .

Leli ilizwe libi okwedlulisileyo emhlabeni, ngokubola, ukungabi lobunkulunkulu. Ngubani owabala iphepha leCourier Journal ngobunye ubusuku, eLouisville, lapho bonke abafazi laba, bedobha, ilizwe ngalinye, umfazi omuhle ukwedlula bonke elizweni, futhi ubamise ukuba nguNkosazana Mhlaba? Wonke umuntu wakwenza kodwa iRussia. Futhi bathumela kuKhrushchev futhi bambuza, “Kungani ungakwenzi?” Wathi, “IRussia kayihlubuli abafazi bayo, ukuba bahambe phambi kwamadoda.” Umhedeni, isizwe esingela bunkulunkulu siletha isigcono phezu kwethu esizibiza amaKhristu, wathi, “IRussia kayihlubuli abafazi bayo, ukuthi baphume kanjalo. Futhi kawuboni okabhudula kumbe izinto ezinjalo eRussia.” Labo ngabangela bunkulunkulu. Futhi thina esizibiza “amaKhristu!”

²⁰³ Akumangalisi iBhayibhili lathi, “Itafula lonke seligcwele ngamahlanzo. Futhi ngubani eNgingamfundisa iMfundiso, futhi ngubani olunyulwe ebeleni? Kodwa umthetho uzaba phezu komthetho, futhi umzila phezu komzila. Ngoba ngendebe ezigagasayo langezinye indimi ngizakukhuluma kulababantu. Futhi lokhu yikuPhumula. Kukho konke lokhu, kabayikuzwa.” Silombono wethu wokuhlakanipha. O, kungaba kuhle kanganani ukuhlala usuku lonke Kikho.

